KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SPEECH BY KWAZULU-NATAL MEC FOR AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT MEC THEMBENI KAMDLOPHA-MTHETHWA'S REMARKS AT THE HANDOVER OF THE YELLOW PLANT MACHINERY IN JOZINI

LOCATION: EZIBUKWENI, JOZINI
DATE: 30 NOVEMBER 2024

Kuyangijabulisa ukuba sekhaya ngalolusuku olumqoka kangaka ezimpilweni zabantu base Jozini, kuyangijabulisa okuzokwenziwa lapha ngoba lokho kusho ukuthi kuzohlomula imiphakathi yakithi ngentuthuko ezokwethulwa ngokusemthethweni namuhla. Mphakathi waseZibukweni namaphethelo lolusizo oluza noMayor uMathe siluthakasele kakhulu ngoba luzokwenza umahluko omkhulu ezimpilweni zethu. Ukuba khona kwama yellow plant nokwandiswa kwawo kusho ukuthi sekuzobalula futhi kuzoshesha ukwakhiwa kwamabhuloho, imigwaqo, aphinde alekelele nasezimweni eziphuthumayo. Lokhu kuzohamba ibanga elide ukuphucula izimpilo zethu njengabahlali baseJozini. Siyazi ukuthi iningi lethu likhononda ngendaba yokuntula amanzi, lama yellow plant azosiza ukucaba indlela, avule amadwala ukuthi ingqalasizinda yamanzi okungamapayipi kufakeke kalula. Ngale kwamanzi, lezinsiza zizophinde zisilekelele ukuvula ama access roads, zilungise imigwaqo. Zisebenze nasekwakhiweni kwamadamu. NjengoMnyango weZolimo siyakuthakasela kakhulu lokhu futhi kuzokwenza ukuthi umsebenzi wethu wokwakhiwa kwamadamu ubelula. Sikhuthaza nabasebenzi balabo gandaganda ukuba bayiphathe kahle le mpahla. Kubalulekile ukuphatha kahle impala ukuze ihlale isikhathi eside. UMayor uMathe no municipal manager kuzofanele basiqhumise isitswebhu kulabo abatholakala bengenzi okufanele, abaphatha impahla ebiza kangaka, budlabha. Le mpahla ithengwe ngemali eshisiwe, so kumele iphathwe njengezikhali zamaNtungwa.

## PROJECT FUNDING APPLICATIONS

Angisize elijikayo eMnyangweni wami weZolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya - ngoMandulo sikhiphe isimemo sicela abalimi nemiphakathi ukuba bafake izicelo zoxhaso. Asisho ukuthi kuyasithokozisa ukuthi zikhona izicelo zalapha eJozini namaphethelo futhi kubonakele ukuthi loluhlelo lunesasasa elikhulu njengoba abantu benodedangendlale bezindawo zokulima. Lezo zicelo ziyacubungulwa kumanje, kuyothi uma sekuqediwe ngalolohlelo bese abantu bathole okungokwabo okuwuxhaso abalucelile.

## MULTI-PLANTING SEASON PRODUCTION INPUTS

Njengamanje sisabalalisa izimbewu, umanyolo nama khemikhali abulala izinambuzane. Loluxhaso lutholwa ilabo ababelubhalisele, esihlose ngalo ukuthi abantu balime baxoshe ikati eziko. Kuzohlomula abantu abangaphezulu kuka 12 thousand emiklamweni abazoyilima engaphezudlwana kuka 15 thousand wama hectare.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

PHEZUKOMKHONO FEMALE FARMER AWARDS

Sinomklomelo obizwa nge Phezukomkhono Female Farmer Award lapho sizobe sichoma uphaphe lwegwalagwala kubalimi besifazane ngeminyezane abenza kahle kulomkhakha. Ngalomklomelo sikhuthaza abesifazane ukuba babhukule bondle imindeni yabo ngezolimo njengoba bebaningi abanama projects ezolimo.

LEARNERSHIP PROGRAMME

Siphinde sibe nohlelo lwama learnership lapho sikhuthaza khona intsha ukuba ingene ngobuningi bayo kwezolimo bese ifaka izicelo zoxhaso lokufunda ze. Loluxhaso uluthola ngisho ungenawo u matric, okwakho nje ukufaka izicelo sokufunda bese ugixatshezwa ngalelithuba elingqayizivele, inqobo nje uma konke kugcwaliswe ngendlela efanele.

ACCESS TO MARKET

Indawo yaseMkhanyakude ingenye yezindawo ezinabantu abakukhuthalele ukulima, kuyasithokozisa lokho. Anginiqinisekise ukuthi lomdlandla wenu ngeke ube ize leze. Qhubekani ngokuziphilisa ngokulima, sizoqinisa umdlandla nathi wokutholakala kwezindawo nezinkampani nezitolo ezinkulu ezizothenga imikhiqizo yenu enhlobonhlobo. Okwamanje sisalungisa isimo se Fresh Produce Agri Hub eRichards Bay lapho imikhiqizo yethu izofinyelela khona, ukuba ikwazi ukuthi idayiselwe ngisho amazwe angaphandle.

THREE KEY PRIORITIES

1.1 Dipping chemicals Kuleminyaka emihlanu siphethe loMnyango, kuningi esizokwenzela abantu bakithi. Okunye kwakho ukusabalalisa imithi yamadibhu emfuyo. Imfuyo ke ingumgogodla kwezomnotho ikakhulukazi kumuntu omnyama ngoba sisebenzisa yona ukondla imindeni yethu, ukulobola nokufundisa izingane zethu. Indoda indoda ngezinkomo zayo. So kubalulekile ukuba inakekelwe ngokuthi iyodibha, ijovwe ukuze ingatholwa amagciwane noma ibe neziklelemu.

1.2 Mechanization Programme Okunye esikuphuthumisayo kubantu bakithi ukuqinisa uhlelo lokulinyelwa ngogandaganda. Siyazi ukuthi kunzima ukulima ngoba izindawo zethu kwesinye isikhathi zinamatshe, zinkulu kakhulu ukuthi ungazilimela umklamo omude ngegeja, sizoluqinisa senze sure ukuthi luyafika kubantu.

1.3 Food Security (One Home One Garden) Ukuqinisekisa ukuthi akulanjwa emakhaya loMnyango uzolokhu ubaxhase njalo abalimi ngezimbewu ukuba bazitshalele ngisho nasemagcekeni abo. Sikhuthaza nezikhungo zikahulumeni okuyizikole, imitholampilo kanjalo namaSonto ukuthi nabo batshale izivande, benze isifundazwe sethu sibe luhlaza izitshalo Ngisembhidlangweni wokwenza Sub-directorate eMnyangweni ezoqinisekisa ukuthi lezinhlelo ezintathu ziyenzeka futhi ziyaphumelela.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

FOOT AND MOUTH DISEASE

Okusiphatha kabi ukubheduka futhi kwesifo samatele kulesifunda uMkhayakude. Kepha sithi amaphaphu phansi kubafuyi nabalimi njengoba ziqinile izinhlelo zokuthi sinqandwe lesisifo singasabalali. Siyazi ukuthi lendawo yakhelene neziqiwi ezinezinyathi okuyizo eziyimbangela enkulu yokusabalala kwalesisifo. Sinxusa abalimi ukuba baqinisekise ukuthi imfuyo yabo isemadlelweni, njengoba nathi senza izinhlelo zokubiyela kulabo abafake izicelo zaloluxhaso ebengikhuluma ngalo lwe Project Funding Application, oluzoqala ukuhlinzekwa ngonyaka ozayo nawo osemome. Niyanxuswa ke balimi ukuba nilandele imithetho eqapha ukudayiswa kwemfuyo kulendawo. Lesisifo sesidlulele nasoPhongolo. Njengomnyango siphezu kwezinhelo ukuthi lesisifo singachaphazeli kakhulu abalimi njengoba siqhubeka nokujova imfuyo ikakhulukazi emadiphini atholakale enalesisifo esibhuqabhuqa imfuyo yethu.